# HILLCREST HIGH SCHOOL

## IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**
**(FAL)**
**UMBHALO OMUDE NESIQESHANA**
**ISIVIVINYO SIKAJUNI 2022**

**AMAMAKI : 35** **ISIKHATHI: 1 IHORA**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Umbhalo omude odlulisa umyalezo (20)

   ISIQEPHU B: Umdlalo Kusa Kusa – S.P. Nhleko (15)
3. Phendula LONKE iphepha.
4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.
5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

**ISIQEPHU A: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

1.1 **INCWADI YOBUNGANI**

UVusi ube nengxabano noZenzile osegcine ngokumala ngenxa yokungasebenzi. Bhalela uVusi incwadi umduduze esimeni abhekene naso. Bhala INCWADI YOBUNGANI (20)

1.2 **UMLANDO NGOMUFI**

UMxolisi ushone ngokukhulu ukuzuma emuva kokugingqika nemoto elibangise eThekwini. Umndeni wakhe ube usukucela wena njengomngani ukuthi ubhale umlando ozofundwa ngelanga lomngcwabo.
Bhala UMLANDO NGOMUFI (20)

1.3 **INGXOXO**

Kube nokungaboni ngaso linye phakathi kwenduna yasegalaji uMthiyane noSiphamandla ngendlela okuqashwa ngayo.
Bhala INGXOXO phakathi kwenduna noSiphamandla. (20)

1.4 **INKULUMO**

UNomcebo ucelwe umasitende la kuqashe khona izintokazi ukuthi ethule inkulumo yokuziqwashisa ngengozi yokuthembela kubantu besilisa ukuze ziphile. Aphinde azigqugquzele zizisebenzele zona zingethembeli ekwenzeni
Inzuzo yemali ngokuthandana nabesilisa
Bhala INKULUMO ezokwethulwa nguNomcebo kula mantombazane. (20)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [20]**

**ISIQEPHU B: IDRAMA**

**UMBUZO 2 KUSA KUSA S.P. NHLEKO**

2.1 Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA**

| | | |
|---|---|---|
| *(Kusedolobheni eposini, uVusi uficana noNomcebo. Baphethe izimvilophi bazoposa Bobabili.)* | | |
| Vusi | : | (Ebuka izimvilophi eziphethwe nguNomcebo.) Ngabe usungumseshi waphatha izimvilophi namapeni Nomcebo? Waphatha izimvilophi namapeni? |
| Nomcebo | : | (Emoyizela) Wena unguye yini ngoba nawe uphethe lokhu nami Engikuphethe nje? |
| Vusi | : | Ngazi ngani Ntombi? Phela ikusasa alwaziwa. Ngingahlukana nawe izolo uyilokhu, ngakusasa ngikuthole ungokunye. |
| Nomcebo | : | Lutho- ke Vusi, ngizoposa lapha. Nami ngizozama inhlanhla. Sengikhathele ukusebenza lapha emafemini kanti nemali ayikho. Nami ngingaze ngilingeke, ngiqome indoda ngoba ngifuna imali. |
| Vusi | : | Hhayi, ngiyabona, uqinisile kumele nawe uzimele. Ungathembeli komunye umuntu. |
| Nomcebo | : | Kunjalo impela futhi umuntu kumele umthande nje ubuyena. Ungamthandeli izinto anazo, ngoba ngezakhe. Uzofa nazo usale akushiye ungenalutho. |
| Vusi | : | Awusho-ke uzoposela kuphi lapho uzozama khona inhlanhla ? |
| Nomcebo | : | Ngizoposela esibhedlela sangakithi kwaNongoma kanye nalapha eNyukhasela. Ngibone lapho ngifunda iphephandaba ngoLwesine. Kuthiwa kufuneka abahlengikazi, abazoqeqeshwa bebe behola. Ngase ngithi angiliyeki leli thuba ngoba kade kwasa ngilifuna. |

2.1.1 Bakuphi laba ababili abaxoxayo? (1)

2.1.2 Yini lena efanayo abazoyenza lapha laba bobabili? (2)

2.1.3 Hlobo luni lomsebenzi ababefaka izicelo zawo? (1)

2.1.4 Tomula amazwi asesiqeshini afakazela ukuthi uNomcebo sekunesikhathi eside efuna umsebenzi. (2)

2.1.5 Laba bangani abaxoxayo bangabangani beqiniso. Chaza ngamaphuzu AMABILI ngokwenzeka kulo mdlalo (2)

2.1.6 Phawula ngesiphetho sale ndaba ngamaphuzu AMABILI uhlobanise nesihloko sawo esithi Kusa Kusa. (2)

2.17 Basithola kuphi isikhangiso somsebenzi laba abaxoxayo? (1)

2.18 Phendula le mibuzo ngokuqondanisa lokhu okusohlenі A nokusohleni B.

| **Uhlu A** | **Uhlu B** |
|---|---|
| 2.18.1 uNomcebo<br>2.18.2 uVusi<br>2.18.3 uMthiyane<br>2.18.4 uShabalala | a) induna yasegalaji.<br>b) Umnikazi wepulazi<br>c) Insizwa eyayingasebenzi.<br>d) Wayofundela ubuhlengikazi. |

(4)

**[15]**

## AMAMAKI ESEWONKE: 35